



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2016

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-7. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
 2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
 3. Phendula zonke IZIQEPHU.
 4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni ungaziguquli.
 5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
 6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
 7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
 8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.
-

ISIQEPHU A KUNGASA NGIFILE – E. D. M. SIBIYA**Lesi siqephu sinoMbuzo 1, uMbuzo 2, uMbuzo 3, noMbuzo 4.**

- **Phendula yonke imibuzo.**
- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
 - **Ulwazi lwendaba.**
 - **Ukwethula umbono wakho uwusekele kahle.**
 - **Ukubhala inani lamagama.**
 - **Isipelingi esihle.**
 - **Ulimi oluhle.**

UMBUZO 1Funda isigatshana esicashunwe endabeni, **Kungasa Ngifile**. Phendula imibuzo engezansi.

"... uNokuthula sengiphilile naye. Ngimazi ukusuka nokuhlala. Ngiyamthanda; uyangithanda. Futhi nawe ukwazi kahle ukuthi **uNokuthula ungumuntu oziphethe kahle**. Ngicabanga ukuthi wonke umuntu walapha eBethamoya uyakwazi ukuziphatha kwakhe."

"Ngicabanga ukuthi uqinisile, Senzo lapho. Abanye bazitshela ukuthi akaqomile nhlobo. Bayazi ukuthi wayeyishesheli sawo wonke umfana efika lapha eBethamoya. Kodwa abazi ukuthi kuze kube manje ngubani owazuza uthando lwakhe. Mina Senzo ngibona ukuthi **umama wakho usakhulunyiswa wulaka lokuba ngumzali, uzowuguqula umqondo**. Ukhumbule futhi ukuthi usemncane Senzo ngakho akulula ukuthi abazali bakho bavume uthathe. Kufanele ubeke umoya phansi, ubabonise kahle nangesineke."

[Ikhasi 13]

- 1.1 USenzo ukhuluma nobani lapha? (1)
- 1.2 USenzo uneminyaka emingaki? (1)
- 1.3 "Mina Senzo ngibona ukuthi umama wakho usakhulunyiswa wulaka lokuba ngumzali, uzowuguqula (uzowushintsha) umqondo."
- 1.3.1 UMaMemela ukhombise ulaka kuSenzo uma ezwa indaba kaNokuthula. Chaza ukuthi kungani enze kanje. (2)
- 1.3.2 UMaMemela waqhubeka nomqondo wokuthi akafuni uSenzo ashade noNokuthula. Nika izinto **ezintathu** azenza ukubonisa loku. (3)
- 1.4 Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-80**.
- "Futhi nawe ukwazi kahle ukuthi **uNokuthula ungumuntu oziphethe kahle**."
- Ayiqiniso la mazwi kaSenzo ngoNokuthula? Bhala amaphuzu **amathathu** uwasekele ngokugcwele. (6)
- Ulimi nohlelo (1)
- Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

UMBUZO 2

2.1 Enye **yezindikimba** zale ndaba ngukuthembeka ebudlelwaneni.

Chaza ukuthi indikimba yokwethembeka ibonakala kubaphi abalingiswa futhi inamiphi imiphumela kubona.

Sekela impendulo yakho ngamaphuzu **amahlanu**. (5)

2.2 Bhala impendulo ezoba ngamagama **ayi-100**.

Funda isigatshana esicashunwe endabeni, **Kungasa Ngifile**. Phendula imibuzo engezansi.

"Nami ngiyalikhalela ithuba engalilahlayo. **Ubusoka bami bangilethela izindleko ezinkulu**. Futhi ubungane buyahlupha ..."

"Wukududana okuhluphayo. Uma usemncane usuke ujatshuliswe ukuthi unezintombi uxhaxha ungazi ukuthi konke lokhu kunomthelela ekusaseni lakho."

[Ikhasi 11]

UZitha noDumisani Zondi babenezintombi eziningi.

- Chaza ngamaphuzu **amabili** ukuthi ukuba yisoka kwaba namthelela muni ekusaseni likaZitha. (2)

- Chaza ukuthi ukuba yisoka kukaDumisani Zondi kwaba namthelela muni ezimpilweni nasekusaseni labanye abantu, bhekisa kulaba:

- uMaMemela (amaphuzu **amathathu**) (3)

- uMhlungu (amaphuzu **amabili**) (2)

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[15]

UMBUZO 3

Bhala ingxoxo ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

USenzo noNokuthula bathola ithuba lokuxoxa **emva** kokuthi uMaqili nomndeni kaNokuthula bevumelene ukuthi umshado uqhubeke. Bhala **ingxoxo** yabo.

Ingqikithi – (okusendabeni 4 okwakho 2) (6)

Isakhiwo (2)

Ulimi nohlelo (1)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[10]

UMBUZO 4

Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-180–200**.

Iqiniso seliphumile, uSenzo **ulele uphupha** uDumisani Zondi ekhuluma naye.



[Umthombo: Google pictures]

Bhala izinto ocabanga ukuthi uZondi uzozisho kuSenzo ubhekise kuloku okulandelayo:

- UZondi uchazela uSenzo ngokuthandana kwakhe noMaMemela. (5)
- UZondi ufisa ukuthi uSenzo enzeni ngobudlelwane bakhe (uSenzo) noMaMemela. (3)
- Utshela uSenzo ukuthi uzizwa kanjani ngaye nokuthi ukuba ulitholile ithuba lokukhulisa uSenzo ubezoba ngubaba onjani. (4)
- Utshela uSenzo ukuthi kufanele (uSenzo) asebenzise siphiso sibongo. (2)
- Utshela uSenzo izinto azifisela uSenzo empilweni nasekusaseni lakhe. (3)

QAPHELA: Sekela KONKE okubhalile ngokusebenzisa okusendabeni.

Ulimi nohlelo (2)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[20]

Amamaki angama-60

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

Qaphela lokhu okulandelayo kulesi siqephu:

- **Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.**
- **Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:**
 - **Isakhiwo esifanele**
 - **Ithoni nerejista efanele**
 - **Ulimi oluhle**
 - **Inggikithi enhle**
 - **Ukubhala inani lamagama**

UMBUZO 5

Khetha uMbuza 5.1 **NOMA** uMbuza 5.2. Bhala incwadi engamagama **ayi-150–200**.

- 5.1 Ekuqaleni konyaka isikole sakho sicela abafundi bebanga leshumi nambili ukuba babhalele incwadi abafundi abasha abazoqala ibanga lesishiyagalombili.



[Umthombo: <<http://fourwaysreview.co.za>>]

Bhala **incwadi** ozoyithumela kumfundi omusha (*mentee*) engafaka okulandelayo nokunye:

- Ukumamukela esikoleni.
- Umtshele ngemithetho, amasiko, imidlalo yesikole.
- Umchazele ukuthi kunjani ukuba ngumfundi kulesi sikole, izinto ezihlekisayo ezenzeka esikoleni.
- Umbonise ngamathuba okumele awasebenzise nokumele akwenze ukuze aphumelele futhi ahlale kahle kulesi sikole.

Inggikithi (13)

Ulimi nohlelo (7)

Isakhiwo (9)

Inani lamagama nokulibhala (1)

[30]

NOMA

5.2 Umngani wakho ufuna ukuhamba eNingizimu Afrika ukuyosebenza ahlale kwelinye izwe.

Bhalela umngani wakho **incwadi** ukuze ashintshe isinqumo sakhe.

Incwadi yakho ingafaka okulandelayo nokunye:

- Veza ukuthi kungani umngani wakho ehamba eNingizimu Afrika.
- Zama ukushintsha umqondo womngani wakho, mnike izizathu ukuthi kungani kufanele ahlale eNingizimu Afrika.
- Bonisa umngani ngezinto angazenza ukushintsha isimo sakhe nesimo sezwe lethu.
- Khumbuza umngani ngamandla abantu abasha ukushintsha izinto kudala namanje.

Inqikithi (13)

Ulimi nohlelo (7)

Isakhiwo (9)


Inani lamagama nokulibhala (1)

[30]

UMBUZO 6

Khetha uMbuzo 6.1 **NOMA** uMbuzo 6.2. Bhala amagama **ayi-120–150**.

6.1 Emphakathini ohlala kuwo uqale umkhankaso (*campaign*) wokonga nokunakekela imvelo.



Bhala **ibrosha** (*brochure*) ezofundisa futhi ikhumbuze abantu ngezinto okumele bazenze ukonga nokunakekela imvelo: amanzi, ugesi, izibi nokungcola, izilwane nokunye.

- Inggikithi (6)
 - Isakhiwo (2)
 - Ulimi nohlelo (1)
 - Inani lamagama nokulibhala (1)
- [10]**

NOMA

6.2 Kukhona izinto ezenzeka esikoleni wena nabanye abafundi eningazithandi.

Bhala **i-ajenda** yomhlangano enizoyithumela kuthishanhloko ukuze nibe nomhlangano naye ukukhuluma ngalezi zinto eningazithandi.

- Inggikithi (6)
 - Isakhiwo (2)
 - Ulimi nohlelo (1)
 - Inani lamagama nokulibhala (1)
- [10]**

Amamaki angama-40

Amamaki esewonke: 100